

Umusa Nobulungiswa KweyamaHubo NeZaga



NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:

IHubo 9:7-9, 13-20; IHubo 82; IHubo 101; IHubo 146; IZaga 10:4; IZaga 13:23, 25; 30:7-9.

Indimana Yekhanda:

“Vikelani ompofu nentandane; nimenzele okufaneleyo olusizi noswelayo. Khululani oswelayo nompofu, nibophule esandleni sababi” (IHubo 82:3, 4), NKJV).

AmaHubo neZaga atshengisa amava okuphila noNkulunkulu ezintweni ezejwayelekile ekuphileni, kungesikho kuphela ngesikhathi sokukhuleka noma ezinye izinkonzo. Ngesikhathi incwadi yeZaga isipha amazwi amaningi okuhlakanipha—kusukela ebudlelwaneni nezamakhaya, kuye kwezezimali nombuso—amaHubo ukuqokelelwa ndawonye kwamaculo aphaltelene nemizwa eyehlukene namava okukholwa kusukela ekukhaleni kuye ekudumiseni nakho konke okunye okuphakathi kwalokhu. Kulula ukubona ukuthi ukukholwa kwethu kufanele kwenze umehluko kuzo zonke izinhlangothi namava empilo yethu. Kusenjalo, noma ucabangani ngempilo yalomhlaba ocwile esonweni akukwazi ukungaboni ukungabikhona kobulungiswa okugcwele kangaka. Empeleni, ukungabikho kobulungiswa kuvame ukuchazwa ngokuthi into iNkosi yethu enomthwalo ngayo, nefuna ukuyiqeda. UYena oyithemba labangenathemba.

Nakuba singathi halamuzi-nje ngokushiwo yilezincwadi ngalesihloko, mhlawumbe lesifundo singakufaka ugqozi lokuthi usukumele phezulu ukuhlangabezana nezidingo zabampofu, abacindezelwe, nabanganakiwe, abasosizini, abakhohliwe, abasizungezile nxazonke, futhi esinomthwalo wokuthi sibasize.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNtulikazi 27.*

AmaHubo: Amaculo ethemba kwabacindezelwe

Njengoba sesiphawulile, uNkulunkulu uyababona abantu abasosizini nasekuhluphekeni. Izikhathi eziningi kweyamaHubo sizwa lezo zikhalo zivela kubantu ababekade bethemba uNkulunkulu, kodwa bengabuboni benzeka ubulungiswa. Ukuvuma ukulunga, ubulungiswa, namandla kaNkulunkulu kungabonakala kugubuzelwa ukungabikho kobulungiswa nengcindezelo okuzwakala kulamaculo. Kodwa, lawa amaculo alabo abasacula. Akucishwanga ukuphila kwabo noma ukukholwa kwabo. Lisekhona ithemba; okuphuthumayo ukuthi uNkulunkulu akenze okuthile singakadluli isikhathi, ngaphambi kokuthi ububi bunqobe, ngaphambi kokuba baqothulwe baphele abacindezelwe ngenxa yomthwalo wobubi obukhona. Ngaleyondlela, ababhali bamaHubo bazama ukuvala igebe eliphakathi kokudunyiswa kokukholwa kwabo, nezilingo nosizi lwasekuphileni.

Funda iHubo 9:7-9, 13-20. Ungacabanga ngesimo uDavide—umbhali waleliHubo—ayekuso? Ungakuzwa ukushuba phakathi kokukholwa kwakhe ekulungeni kukaNkulunkulu nalokho ayedlula phansi kwakho ngaleso sikhathi? Wayilwa kanjani impi yokukholwa kuNkulunkulu ngesikhathi sezilingo ezinzima?

Kuyo yonke incwadi yamaHubo, impendulo ephindaphindwayo yalokushuba kwesimo ithemba nesithembiso sokwahlulela kokulunga kukaNkulunkulu. Ububi nokungabikho kobulungiswa kungabonakala sengathi kuyanqoba okwamanje, kodwa uNkulunkulu uzokwahlulela abenzi bobubi nabangalungile. Bayojeziswa ngesikhathi labo izisulu zabo nababecindezelwe bevuselelwa benziwa basha. Encwadini ethi *Reflections on the Psalms*, u C.S. Lewis uchaza ukumangaliswa kwakhe kwasekuqaleni ngokuthokozela nokulangazelela ukwahlulela kukaNkulunkulu njengoba kulokhu kuphindwa njalo kweyamaHubo. Ngokubona ukuthi abafundi beBhayibheli abaningi namhlanje bathatha ukwahlulela njengento yokwesatshwa, ucabanga ngendlela amaJuda ayebuka ngayo, bese ebhala ethi: “izinkulungwane zabantu abaphucwa konke ababenakho nabalungile bayozwiwa ekugcineni. Abakwesabi ukwehlulelwa. Bayazi ukuthi udaba lwabo alunakuphikiswa, kuphela-nje uma benganikwa indlebe balalelwe. Uma uNkulunkulu eseza ukuzokwahlulela, ekugcineni bayozwiwa.”—C.S. Lewis, *Reflections on the Psalms* (New York: Harcourt, Brace and Company, 1958), ikhasi 11. KumaHubo, sibona ithemba lalabo abacindezelwe, namanje, phakathi kokuhlupheka kwamanje nezinto ezijabhisayo.

Sinazizathu zini zokubuka ukwahlulelwa njengento enhle, kungabi into yokwesatshwa?

“Akube khona Okwenzayo, Nkulunkulu!”

Funda iHubo 82. Sithola sigijimi sini lapha?

Naphezu kwemiyalo nohlelo lokulawula isizwe uNkulunkulu ayinika uIsrayeli, izikhathi ngezikhathi emlandweni wabo behluleka ukuphila ngokwalolo hlelo. Kalula-nje, babevele bafane nezizwe ezibazungezile, bephila nengcindezelo nokungabi nobulungiswa. Abaholi nabehluleli babezinaka bona bodwa, kanti babethengwa ngokugwazelwa. Njengoba abantukazana nabampofu babengenazigcawu zokubavikela, babexhashazwa.

IHubo 82 liyimpendulo yezimo ezinjalo. Lichaza indima kaNkulunkulu njengoMahluleli ongaphezu kwabanye, futhi lidweba umfanekiso lapho ahlulela khona abaholi ngisho nabehluleli babantu. LeliHubo ligcizelela ukuthi labo abakulezikhundla emphakathini “bakhethelwe ukwahlulela ngaphansi kwaKhe.”—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, ikhasi 198. Baphethe lezo zikhundla, futhi benza umsebenzi wabo njengalabo abamele uNkulunkulu, futhi bengaphansi kwaKhe. Ngokubona komhlabeleli, ubulungiswa bukaNkulunkulu yisibonelo sokuthi ubulungiswa basemhlabeni bebufanele busebenze kanjani, futhi buyisilinganiso okuyokwahlulelwa ngaso labo abehlulela ngokulunga nabehlulela ngokungalungi.

LeliHubo liphela ngesicelo sokuthi akube khona akwenzayo uNkulunkulu (iHubo 82:8), angenelele ukunqanda ukungalungi okwande kangaka esizweni. Njengamanye amaHubo amaningi, leli linika izwi kulabo abangenalo, nabacindezelwe, labo amaphimbo abo athuliswe yimithetho engalungile abaphila futhi besebenza phansi kwayo. IHubo 82 likhala kuNkulunkulu njengoMahluleli oMkhulu noMbusi wamazulu nezizwe zonke. Asikho isigcawu esikhulu kunaleso noma igunya okungaphephelwa kulona. Kufika isiqinisekiso sokuthi uma izigcawu zasemhlabeni zingezwa noma zingakunaki ukukhala kwabampofu nabacindezelwe, okuyinto evamile, lisekhona ithuba elingenqatshelwe lokucela usizo.

Ngezikhathi ezihlukene empilweni yethu singazithola siyizisulu zokungalungi, kodwa ngezinye izikhathi kungaba yithina esenza ukungalungi, noma esihlomula ngakho. Amavesi afana neHubo 82, asinika ukukhanya nokuhlakanipha, noma ngabe siyacindezelwa noma siyacindezela. UNkulunkulu uyababona nabehluleli abangenabulungiswa, ababize ngokuthi amadodana aKhe, afuna akhethe ukuphila ngendlela engcono (bheka iHubo 82:6). Kanjalo-ke, likhona ithemba nakulabo abacindezelayo uma bevuma ukuguqulwa.

Izithembiso ZeNkosi

Funda iHubo 101. Nakuba libhalelwe abaholi, yisiphi iseluleko esibalulekile esingazitholela sona lapho noma ngabe sinasikhundla sini ekuphileni?

IHubo 101 libhalelwe abaholi. Kucatshangwa ukuthi lamazwi aqanjwa uDavide ebusheni bombuso wakhe njengenkosi kaIsrayeli. Kungenzeka futhi ukuthi athathelwa ezifungweni ayezenzile esaqala ukuba yinkosi. Emaveni akhe njengebutho likaSawule nangesikhathi ebalekele yena uSawule, wazibonela ngawakhe ukuthi inkosi ephambuke endleleni ingasilimaza kanjani isizwe kanye nomndeni wayo. UDavide wazimisela ukuthi uyokuba umholi owehlukile.

Bambalwa phakathi kwethu abazokuba abaholi kwezepolitiki noma besizwe, kodwa sonke sinendima ekuphileni lapho sinethuba khona lokusebenzisa umthelela futhi sikhuthaze nabanye. Kungaba yilapho sisebenza khona, ukubamba iqhaza kwezomphakathi, emndenini, noma ebandleni. Njengoba uEllen G. White enanela mayelana nesinye isimo esasikhona ebuholini: “izifungo zikaDavide, ngokweHubo 101, kufanele kube ezabo bonke okusemahlombe abo ukulondoloza umthelela wekhaya.” — *Counsels to Parents, Teachers, and Students*, p. 119. Uma sithola amathuba, asizimisele ukuphakamisa lezimiso kulabo abasezikhundleni zobuholi phezu kwethu. Thina sonke-ke, lapho sihola khona nalapho sinomthelela khona, sinethuba lokusebenzisa izimiso zobuholi zikaDavide ukuze sikwazi ukuba yisibusiso kwabanye. UDavide waqala ngokuhlonipha uNkulunkulu ngenxa yomusa waKhe nobulungiswa (iHubo 101:1), okwaba yisisekelo sakho konke uDavide ayefuna ukukuphakamisa ebuholini bakhe. Wafuna ukufunda nokwenza zona lezimiso empilweni yakhe nasemsebenzini. Ukwenza lokho, kwadingeka amelane nezilingo zokwenza okungalungile, inkohlakalo, nokungethembeki, okuyizinto eziyizihibe kulabo abasezikhundleni zokuphatha nokuhola.

Njengoba uDavide wayazi ukuthi babaluleke kangakanani abeluleki abaqotho ekumsizeni ukwenza ukulunga, uyazibophezela ngokufuna abeluleki abethembekile, nokukhetha izikhulu zombuso ezingasolekiyo. Ubulungiswa nomusa kwakuzokuba yizimpawu ezimqoka zobuholi bakhe, naphakathi kwalabo ababesebenza naye nababemsebenzela.

Singebe sezingeni lokuba nabeluleki nezikhulu zombuso, kodwa singenza kanjani ukuthi sigwalise izimpilo zethu ngabanomthelela ozosisiza ukuphila nokuhola (lapho sinakho) ngobulungiswa nomusa kulabo abakudingayo lokhu?

Ukuhamba NeNkosi

Uma sisondele ekupheleni kwencwadi yamaHubo, ukukhamuluka ngenjabulo kubonakala kukhula iziwombe ngeziwombe. AmaHubo amahlanu okugcina aqala ngomyalo olula noqonde-ngqo othi “Hlabelelani kuJehova!” kodwa elokuqala kuwona—iHubo 146—libhekise ngokukhethekile ekunakeni kukaNkulunkulu abampofu nabacindezelwe njengesizathu salokhu kudumisa.

Funda iHubo 146. Sithini isigijimi esisithola lapho? Uthini uNkulunkulu, kakhulukazi kwiHubo 146:5-9?

Njengoba kuqinisekile ukuthi uNkulunkulu unguMdali walomhlaba (bheka iHubo 146:6), leliHubo lichaza umsebenzi kaNkulunkulu oqhubekayo emhlabeni njengoMehluleli, umhlinzeki, umkhululi, umelaphi, umsizi, nomvikeli—konke lokhu kubhekise ebantwini abadinga lezo zinhlobo zosizo. Umbono okhuthazayo walokho uNkulunkulu akwenzayo nasafuna ukukwenza ezimpilweni zethu, emiphakathini yethu, nasemhlabeni wethu. Ngesinye isikhathi sicabanga ukuthi sidinga ukunakekela abaswelayo ngoba kusho uNkulunkulu. Kodwa iHubo 146 lithi yinto ayenzayo vele uNkulunkulu leyo—thina simenywa ukuba sihlanganyele naYe. Uma sisebenza ukulwisana nobumpofu, ingcindezelo, izifo, ngokuqinisekile sisebenza noNkulunkulu nezinhloso zaKhe. Yiliphi ilungelo elingaba likhulu kunalelo lokuhlanganyela noNkulunkulu ekufezeni into efaka ugqozi njengeHubo 146?

Kodwa nathi siyahlomula. AmaKrestu avame ukuthi acinga uNkulunkulu, futhi anesifiso sokuba nobudlelwane obusondelene naYe. Kodwa, izindimana ezifana neHubo 146:7-9, nezinye eziningi kulo lonke iBhayibheli, zisithengisa ukuthi enye indlela yokuthola uNkulunkulu ukuhlanganyela naYe kulokho akwenzayo. Ngakhoke, uma esebenza ukufukula abampofu, abagulayo, nabacindezelwe, njengoba iHubo 146 lisho, sifanele ukusebenza naYe, nathi. “UKrestu weza kulomhlaba ukuzohamba, asebenze phakathi kwabampofu nabahluphekayo. Babethola ukunakwa uYena okwedlula okwabanye. Namhlanjena-ke, ngesimo sabantwana baKhe, uvakashela abampofu nabaswelayo, ukunciphisa ukuhlupheka nosizi. “Uma kungasuswa ukuhlupheka nokweswela, ngeke siwuqonde umusa nothando lukaNkulunkulu, ngeke sisazi isihe, nozwelo lukaBaba wasezulwini. Ivangeli alikutholi ubuhle obukhulu ukwedlula lobo elibuthola uma lifinyelela kulabo abaswele kakhulu.”—Ellen White, *Testimonies for the Church*, vol. 7, ikhasi 226.

Athini amava akho ngokusondela kuNkulunkulu ngokukhonza abanye?

Izaga: Isihe Kwabaswelayo

Njengoba incwadi yeZaga iwukuhlanganiselwa ndawonye kwezisho zokuhlakanipha, ithinta izihloko ezehlukene namava asekuhileni. Phakathi kwazo, kukhulunywa ngobumpofu, ubucebi, ukwaneliseka, ubulungiswa, nokungalungi—ngesinye isikhathi kubukwa ngamehlo angefani. Impilo ayivamile ukuba lula, ibe bushelelezi. IZaga zisiqwashisa ngezimo ezihlukene nezinqumo ezinomthelela endleleni yokuphila, nakulabo abathembekile kuNkulunkulu.

Funda bese uqhathanisa iZaga 10:4; 13:23, 25; 14:31; 15:15, 16; 19:15, 17; no 30:7-9. Zithini lezindimana ngokuthintene nomcebo, ubumpofu, nokusiza abaswelayo?

IZaga zigcizelela ukunaka kukaNkulunkulu abampofu nababuthakathaka. Ngesinye isikhathi abantu babampofu ngenxa yezimo, izinqumo ezingaphusile, noma ukuxhashazwa, kodwa noma iyini imbangela yesimo sabo, uNkulunkulu usabizwa njengoMdali wabo (bheka iZaga 22:2) noMvikeli wabo (bheka iZaga 22:22, 23). Labantu akufuneki bacindezelwe noma baxhashazwe, noma ngabe ayini amaphutha abo. Nakuba iZaga zinika ithuba lempilo engcono ngokukhetha ukuhlakanipha nokulalela uNkulunkulu, ubucebi akusona isibusiso sikaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Ukwethembeka kuNkulunkulu yikona okubalulekile nokunomvuzo ukwedlula inzuzo ephathekayo: “Okuncane nokulunga kungcono kunenzuzo enkulu kanye nokungalungi” (IZaga 16:8).

Okunye okuthintwayo kwiZaga ukukholeka nokwethembeka ebhizinisini, kuhulumeni, nakwezomthetho (bheka iZaga 14:5, 25; 16:11-13; 17:15; 20:23; 21:28; 28:14-16). IZaga azithinti-nje kuphela izimpilo zabantu ngabanye ngabanye, kodwa futhi zinikeza nendlela umphakathi uwonke okufanele usebenze ngayo ukuze kusizakale wonke umuntu, kakhulukazi labo abadinga ukuvikelwa. Futhi sikhunjuzwa ukuthi uma ababusi nabaholi bewenza kahle umsebenzi, bakwenza lokho ngokusizwa uNkulunkulu (bheka iZaga 8:15, 16), futhi kufanele basebenze njengezithunywa zomusa waKhe nesihawu saKhe ngakulabo abaswelayo.

Kulula ukuthi noma ubani ahawukele labo abaphansi kwezimo ezingezinhle. Kodwa, singasiguqula kanjani lesi sawu sisebenze?

Ukujula Nomcabango:

Funda kuEllen G. White, “The Last Years of David,” amakhasi 746-755, ku*Patriarchs and Prophets*; C.S. Lewis, “ ‘Judgment’ in the Psalms,” amakhasi 15-22, ku*Reflections on the Psalms*. “AmaHubo kaDavide adlula kuzo zonke izinhlobo zezimo, kusukela ekujuleni kukanembeza ongemuhle nokuzilahla ngecala, kuye ekukholweni okuphakeme nokuxhumana noNkulunkulu okusezingeni eliphezulu. Umlando wempilo yakhe utshengisa ukuthi isono siletha ihlazo nosizi, kodwa futhi nokuthi uthando lukaNkulunkulu nomusa waKhe lungafinyelela ekujuleni, nokuthi ukukholwa kuzomphakamisa umuntu ophendukayo amukelwe njengendodana kaNkulunkulu. Kuzo zonke iziqinisekiso ezisezweni laKhe, lokhu kuwubufakazi obunamandla kunabo bonke bokwethembeka, ubulungiswa, nomusa wesivumelwano sikaNkulunkulu.”—Ellen G. White, *Patriarchs and Profphets*, ikhasi 754. Mayelana nokuhlakanipha okusencwadini yeZaga: “Kukhona izimiso eziphatelene nenhlalakahle yomphakathi, wasezweni nowasebandleni. Yilezi zimiso ezisinika ukuvikeleka kwempahla nempilo. Izwe lifanele libonge umthetho kaNkulunkulu obhalwe ezweni laKhe, nasezihliziyweni zabantu nakuba sewacishe wacimeka nje, ngakho konke okwenza kube khona ukwethembana nokubambisana.”—Ellen G. White, *Education*, ikhasi 137.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yiziphi izindlela ozibona ngazo wena ungumholi noma usendaweni yokuba nomthelela? Ungaba kanjani osebenzela ubulungiswa kulowo mkhakha wempilo yakho?
2. Ake ucabange ngendlela yokuphila nokuhleleka komphakathi wangakini. Ungasebenza kanjani ngaphakathi kwezinhlobo ezikhona ukuze uthuthukise labo abaswelayo?
3. Zibaluleke ngani izimiso zobulungiswa nokungenzeleli ekwakhaweni komphakathi onozinzo?
4. Nakuba incwadi yeZaga igxile ekuphileni okuhle okutholakala ngokuhlakanipha, isitshelani ngokuthi unjani uNkulunkulu?

Ngokufingqiwe:

AmaHubo neZaga yizincwadi ezimbili ezikhuluma ngokukhethekile nezinsalelo zokuphila ngokwethembeka phakathi kwezilingo nakho konke okunye kwalomhlaba. Zombili zisibonisa inhloso kaNkulunkulu ngomphakathi nokunaka kwaKhe okukhethekile labo abampofu nabacindezelwe. Isikhalo samaHubo nokuhlakanipha kweZaga sithi uNkulunkulu uyabona, futhi uzongenelela ukuvikela labo abavame ukunganakwa nabaxhashazwayo. Kanti-ke uma uNkulunkulu enza lokho, nathi asenze njalo.